**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2018**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI ( GRADE 8)**

**IPHEPHA LESIBILI ( PAPER 2)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI: 100** **ISIKHATHI : 2 AMAHORA**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

- Fundisisa **lonke** iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Phendula **yonke** imibuzo ekuleli phepha.
- Landela imiyalelo njengoba uyinikiwe embuzweni ngamunye.
- Phendula ngesiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi **ohlanzekile.**

## ISIQEPHU A : IMISEBENZI YOKUZIQAMBELA

### 1. Imisebenzi emide yokuziqambela

Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama – 80 kuya kwayi -100

#### 1.1. INCWADI YOBUNGANE

Umalume wakho ukumangaze ngesipho esihle ngokuphasa kwakho kahle ekupheleni konyaka. Mbhalele **incwadi** ubonge unconcoze ngalesi sipho usho nokuthi uzosisebenzisa kanjani ukuthuthukisa umsebenzi wakho wesikole. **(30)**

#### 1.2. UMLANDO NGOMUFI

Ugogo wakho ebenisondelene kakhulu naye wedlulile emhlabeni.Uzicelele emndenini ukufunda umlando ngempilo yakhe njengendlela yokuvalelisa.Bhala phansi –ke **umlando ngomufi** ozowufunda emngcwabeni. **(30)**

#### 1.3. INGXOXO

Ngesikhathi sekhefu ubone abafundi ababili belwa.Umnumzana Sililo oqondisa izigwegwe esikoleni sakho ukubizele ehhovisi lakhe Njengofakazi. Bhala **ingxoxo** yenu. **(30)**

## 2. Imibhalo emifushane edlulisa umlayezo.

Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama- 60 kuya kwangama- 80

### 2.1.ISIMEMO

Abazali bakho bazokwenzela udadewenu umcimbi wokugubha usuku lokuzalwa eqeda iminyaka eyi- 16. Bacele wena ukuba ubhale isimemo esizothunyelwa kubangane bakhe nezihlobo.

Bhala phansi- ke **lesi simemo**.

**QAPHELA : ISIMEMO SIPHUMA KUBAZALI BAKHO. (20)**

### 2.2. IDAYARI

Iklilasi lakho lebanga lesikhombisa (Grade 7) lithatha uhambo **lwezinsuku ezinhlanu** njengendlela yokuvalelisana ngaphambi kokuya esikoleni samabanga aphezulu.Bhala **idayari** yalokho okwenzekayo ngalezi zinsuku. **(20)**

### 2.3. IPHOSIKHADI

Uthole ithuba lokuyodlalela iqembu lesikole edolobheni elingaphandle kwaleli ohlala kulo. Bhalela umzali wakho **iphosikhadi** umxoxele ukuthi nihambe kanjani nokuthi nihleli kanjani. **(20)**

## ISIQEPHU B : INCWADI

## ABABULALI BENYATHI....: R. MZI MNGADI

3. Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**MaNgema** :*(udumele)* Baba, uqinisile uma uthi lolu daba luyadlondlobala. Ngempela luyabhebhetheka. Konke lokhu kudalwa yinkani yaleli khansela. Uyedelela ngempela lo muntu ndini. Uthi abantu mabenze njani uma ebiza imihlangano engakwazisile? Hawu! Waze wasilaya lo Hulumeni ngokungawaqeqeshi amakhansela akhe. Wake wezwaphi nje ukuthi umuntukazana uke abize isizwe senkosi ngaphandle kokwazisa inkosi ebusa kuleyo ndawo. Nayo intando yeningi angiboni ukuthi ingakuvuma lokho.

**Shandu** :Uthole into emfanele uMbandlwa ngoba nguye okufanele adodise ikhansela lakhe. Uyabona-ke mina sengizoliqinisa elami ikhanda. Bengimethemba lo mfana wakwaMbandlwa.

**MaNgema** :Baba ungamethemba kanjani umuntu oyimpohlo? Wake wezwaphi ukuthi abantu bangaholwa yimpohlo? Yazini impohlo? Okunye nje lokho okubhidliza isizwe. Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni.

**Shandu** :Angithi yintando yeningi nje. *(aneke nezandla)* kudingeka ngiye enkantolo ngoMsombuluko khona ngizobheyila uDlamini uma kudingeka.

**MaNgema** :Baba, umthintile nje ummeli uSidamba?

**Shandu** :MaNgema! Leyo yinto engiyenze kuqala ngesikhathi ngizwa eyokuboshwa kukaDlamini. Uyazi mina ngithandazela ukuthi kungasuki umbhedukazana endaweni yami. Phela sekungenzeka kubuye udlame njengoba lunjalo.

3.1. Bahlobene ngani laba abaphendulana kulesi siqephu? (1)

3.2. Ubani isibongo sekhansela uShandu akhuluma ngalo? (1)

3.3. Lenzeni leli khansela okungahambisani nendlela yokuphila yakule ndawo? (2)

3.4. Yini le etholwe uMbandlwa athi uShandu imfanele. Bhala NGAMAPHUZU EMIBILI. (2)

3.5. Umuntu onjani obizwa ngempohlo? Chaza NGEPHUZU ELILODWA. (2)

3.6. Ubani isibongo sommeli kaShandu? (1)

3.7. Bheka igama noma amagama kulesi siqephu esingenhla asho okufanayo nalokhu uwabhale phansi.

3.7.1.ukukhula kwesimo singakwazi ukulawuleka. (2)

3.7.2.umuntu ongenasikhundla emphakathini. (2)

3.7.3. ukukhokha imali yokukhipha umuntu oboshiwe. (2)

**(15)**

4.Funda isiqephu bese uphendula imibuzo ngemisho ephelele.

**MaNgema** :Nami ngokunjalo MaShezi. Uyabona, inkosi le engiyiganile, ayimzondi uDuma kodwa izonda isenzo sakhe. Ngempela uDuma akayihloniphi inkosi. Nathi siyasola ukuthi uDuma okusho ukuthi usabambelele kokudala. Uyakhohlwa ngukuthi sesakha kabusha manje. Bheka nje ngoba induna inecala ebhekene nalo ngenxa yakhe uDuma. Mina bengithukuthele kabi sonke lesisikhathi. Angisho ukuthi manje senginokuthula kodwa selokhu kwaboshwa induna mina sengizibuka kabusha izinto.

**MaShezi:** Ndlunkulu, lihle iqiniso. Nami bengisibuka ngelinye iso isimo kodwa manje sengiguqukile. Phela seligaya ngomunye umhlathi manje.

**MaNgema** :Awusho, uDuma usazimisele ngokweqa inkosi namanje?

**MaShezi** :Ndlunkulu ngingeke ngazi ngoba yena ngakhuluma naye mayelana nokuzehlisa enkosini. Waqale wabhoka ngolaka kodwa wabuye wehla njengomuntu osethathisa enkosini noma ngabe enzani. Angazi-ke noma wayethulisa mina yini noma wayeqinisile. Hhayi! Kodwa angikhululekile ngoMbandlwa. Unenkani lowaya muntu wabantu. *(athule kancane)* Ndlunkulu bengicela uzame ukubonisana noNdabezitha ngokuthi ake ambize uDuma. Nginethemba lokuthi uma bengaxoxa, bayobona ngaso linye, inqandeke le nto esina ijeqeza isizwe senkosi.

**MaNgema** :Asazi MaShezi, asazi. Ngeke ngilifele ngamathe elakho. Ngiyakuthembisa ngizozama njengoba usho kodwa ungasho lutho kuDuma ngalolu daba lokuhlangana kwethu ngoba mhlawumbe ungamane uphele umshado wakho. Wena uyolinda kuze kufike isigijimi. Hhayi-ke, usuyobe usuzama ukumbonisa emva kokufika komyalezo.

4.1. Akuphi la makhosikazi amabili axoxa kulesi siqephu? (1)

4.2. Uzokwenzani uMaShezi lapha ekhaya? (2)

4.3. Yayiyephi inkosi uShandu ngalolu suku lwale ngxoxo yala makhosikazi? Bhala igama lendawo. (1)

4.4. Xoxa ukuthi kwenzekani mhla inkosi ithumele isithunywa sayo kwaDuma njengokokuxoxa kwamakhosikazi.Bhala amaphuzu **amane.** (4)

4.5. Kungani uMaShezi ebiza uMaNgema ngoNdlunkulu? (2)

**(10)**

| | |
|---|---|
| **MaNgema** | :*(ngokukhathazeka. Namehlo acwebe izinyembezi)* Baba, uma sekunje mina ngiyadideka. |
| **Shandu** | :*(ngokukhathazeka)* MaShezi, ukhathazeke ngakhona mkami. Okusho ukuthi uMbandlwa ubulawe ngabantu abazwelana nami. |
| **MaNgema** | :*(ngokukhathazeka)* Akungatshazwa lokho baba. Okubi nje ngukuthi abantu bazothi ubulewe nguDlamini ngoba nguye osenecala lokumshaya. |
| **Shandu** | :*(usakhathazekile. Sengathi namandla ayamphelela)* Bangadlali ngoDlamini ngoba bengamzali. Akekho umuntu ongathi esabhekene necala elibi kanje legazi futhi eseke wathola nesexwayiso samaphoyisa, abuye enze into enje. |
| **MaNgema** | :*(amehlo akhe azidedele izinyembezi. Ahoshe iduku azesule)* Baba, ngabe kade efikile lapha uDlamini. Mina ngisola sengathi uyesaba. Uyabona baba, cishe usevalelekile. *(athule kancane)* Kunganjani baba uthumele onogada ababili bahambe ngemoto bayombheka. |
| **Shandu** | :*(ahline kakhulu)* Uqinisile MaNgema. Ngicela ubacele onogada. Mina sengiyesaba. |

5.1. Ubani okuthiwa ubulewe ngokwalesi siqephu? (1)

5.2. Kungani uShandu noMaNgema bekhathazeke kangaka ngokufa kwalo obulewe? (2)

5.3. Unasiphi isikhundla kule ndawo lo muntu obulewe? (1)

5.4. Ngobani abanye okwafika umbiko wokuthi sebebulewe? (2)

5.5. Babebulewe kanjani laba okwafika umbiko ngabo kamuva? (2)

5.6. Kwenzekani kuShandu ngemuva kokuthola umbiko wokubulawa kwenduna yakhe? (2)

5.7.Bhala **izinto ezimbili** ezazizosiza uDuma nomphakathi ezashiwo UShandu encwadini ayeyibhalele isizwe sakhe esesibhedlela. (4)

**(14)**

6.Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha.**

6.1. Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya. (1)

6.2. Lo mdlalo wenzeke ngeminyaka yo- 1970 kusenobandlululo. (1)

6.3. UMzizi yisithakazelo sakwaDlamini. (1)

6.4. UMaShezi wayekhulele elokishini lakwaMashu. (1)

6.5. UMaNgema wayefundele umsebenzi wobuhlengikazi? (1)

6.6. UMbandlwa wayengumuntu onenhlonipho kuDlamini. (1)

**(6)**

7.Phendula ngegama elilodwa kuphela le mibuzo.

7.1. Yini igama lesikole oDuma ababebambele umhlangano kuso? (1)

7.2. Ubani isibongo somfundisi owayethunywe uShandu ukufunda umyalezo wakhe ayewubhalele isizwe sakhe esesibhedlela? (1)

7.3. Obani amagama onogada ababili abathunyelwa uShandu kwaDlamini eyobheka ukuphepha kwabo. (2)

7.4. Unkosikazi kaDlamini kwakungowakwabani? (1)

**(5)**

**ISAMBA SESIQEPHU B: 50**

**ISAMBA SESISONKE :100**